

Amasu Okuphepha Ezikhukhuleni

“Imiphakathi esezindaweni ezihlaselwe izikhukhula kumele **iqaphele kakhulu**, njengoba izimvula ezinamandla ziphinde zashiya **umonakalo** kanye **nosizi emindenini eminingi** elahlekelwe abathandiweyo bayo ngenxa yezikhukhula eziyingozi.”

Dkt Nkosazana Dlamini-Zuma

UNgqongqoshe Wezokubusa Ngokubambisana Nezendabuko

Abezesimo Sezulu eNingizimu Afrika bakhiphe **isexwayiso sezinye izimvula** ezisalindelekile ezingxenyeni eziningi zezwe. Uma **kukhishwa izexwayiso ngezikhukhula**, izakhamuzi ezihlala ezindaweni ezithandwa izikhukhula noma labo abasengcupheni yokuhlaselwa izikhukhula bayelulekwa ukuthi **basuke** baye endaweni engaphezulu.

Amathimba aLawula Inhlekelele Esifundazweni nakoMasipala Bendawo ezweni lonkana aqaphile futhi asiza imiphakathi ekhahlanyezwe izikhukhula. ISikhungo Sikazwelonke Esilawula Inhlekelele (i-NDMC) ixhumana nezikhungo ezilawula inhlekelele ezifundazweni nakomasipala bendawo ezisemiphakathini **ukuqapha** isimo **nokweseka umphakathi**.

Amasu okuphepha:

- Abantu abahlala **ezindaweni eziphansi** kumele bazinakekele kakhulu ngesikhathi sezimvula, njengoba kungenzeka bahlaselwe **izikhukhula**. **Qaphani** ukunyuka kwamazinga amanzi bese **nisuka** kulezo zindawo niye endaweni ephephile noma endaweni engaphezulu uma izinga lamanzi lenyuka.
- **Ungaweli** imigwaqo noma amabhuloho anezikhukhula - sebenzisa ezinye izindlela.
- **Gwema** ukuwela amabhuloho ashone phansi, imifula nemifudlana.
- Ungalokothi uzame ukuhamba, ukubhukuda noma ukushayela **emanzini ageleza ngesivinini**. Noma ngabe amanzi ajule nge-15 cm, angakugugula akuwisa.
- **Abashayeli bezimoto** kumele baqaphele kakhulu futhi bagweme ukushayela ezindaweni ezinezikhukhula.
- Shayela imoto uze uyopaka **ezindaweni eziphephile**.
- Umphakathi kufanele uqaphe **izexwayiso zesimo sezulu** emsakazweni nakumabonakude.
- **Xhumana** nezikhungo ezilawula inhlekelele kumasipala wakho, isiteshi samaphoyisa esiseduze noma ushayele izinombolo zikazwelonke zesimo esiphuthumayo (112, 10177 noma 107) uma ubhekene nobungozi.
- Zama ukungashayeli ngaphezu **kwebhuloho elinamanzi aphantsi** uma kunamanzi ageleza ngaphezu kwalo futhi uma kungabonakali phansi.

- **Fundisa** abantwana bakho ngobungozi bezikhukhula.
- Gcina **amaphepha akho abalulekile** kwiziqukathi ezingangeni amanzi.
- Gcina **umakhalekhukhwini** wakho useduzane nawe futhi ube **nezinombolo zosizo oluphuthumayo** kuwena.
- Qaphelisisa kakhulu **ebusuku**. Kunzima kakhulu ukubona izinto ezingaba ingozi enkulu emgwaqeni.
- Ungahlali noma upake ngemoto yakho eduze **kwemifula noma emanzini agelezayo**, ikakhulukazi ngesikhathi sezimvula ezinamandla noma iziphepho.
- **Uma uhamba ngezinyawo**, yazi ukuthi amanzi ageleza ngancane angaba ingozi ngesikhathi sezikhukhula. Uma uhlangana namanzi agelezayo, ungalokothi uhambe kuwona.
- Uma kwenzeka, zama **ukugwema ukuthinta amanzi ezikhukhula**, kungenzeka ukuthi asengcoliswe indle, uwoyela noma ezinye izinto ezinobungozi, futhi kungenzeka ukuthi anogesi osuka ezintanjeni zikagesi eziwile.

IZINOMBOLO ZEZIMO EZIPHUTHUMAYO
Izakhamuzi zingaxhumana neZikhungo Zesifunda Ezilawula
Inhlekelele eziseduzane nabo.

ISifunda Ugu - 039 682 2414

ISifunda saseMgungundlovu - 033 343 1719

ISifunda sasoThukela - 086 010 4257

ISifunda saseMzinyathi - 034 212 2222

ISifunda sase-Amajuba - 034 329 7200

ISifunda sase-Zululand - 035 870 1128/1130

ISifunda saseMkhanyakude - 080 011 7770/035 573 1647

ISifunda sase-King Cetshwayo - 086 100 3473/035 787 2698

ISifunda Ilembe - 032 437 9379/1

ISifunda sase-Harry Gwala - 039 834 0070

UMkhandludolobha waseThekwini - 031 367 0000